



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## **SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**2022**

**AMAMAKI: 70**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi angama-31.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.
3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:  

ISIQEPHU A: Inoveli	(35)
ISIQEPHU B: Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C: Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPHU D: Izinkondlo	(35)
4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.)  

ISIQEPHU A: INOVELI  
Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

ISIQEPHU B: UMDLALO  
Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE  
Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

ISIQEPHU D: IZINKONDLO  
Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.
5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.
6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE ngokucophelela.
7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.
8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo:  
Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-75 esiqeshini ngasinye.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

<b>ISIQEPHU A: INOVELI</b>		
<b>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.</b>		
<b>IZINOMBOLO ZEMIBUZO</b>	<b>AMAMAKI</b>	<b>IKHASI</b>
1. <i>Ithemba Lami</i>	35	5
2. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i>	35	8
3. <i>Umshado</i>	35	11
<b>ISIQEPHU B: UMDLALO</b>		
<b>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.</b>		
4. <i>Ababulali Benyathi</i>	35	14
5. <i>Icala Kaliboli</i>	35	17
6. <i>Isiko Nelungelo</i>	35	20
<b>ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE</b>		
<b>Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfushane ezihloliwe.</b>		
7.1 'Umunwe'	18	24
7.2 'Ingoduso'	17	26
<b>ISIQEPHU D: IZINKONDLO</b>		
<b>Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.</b>		
8.1 'Phansi'	18	28
8.2 'Ngiyogiya Ngiqephuze'	17	30

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

<b>ISIQEPHU</b>	<b>IZINOMBOLO ZEMIBUZO</b>	<b>IMIBUZO EPHENDULIWE</b>	<b>THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE</b>
<b>A: INOVELI</b>	1–3	1	
<b>NOMA</b>			
<b>B: UMDLALO</b>	4–6	1	
<b>NOMA</b>			
<b>C: IZINDABA EZIMFISHANE</b>	7	1	
<b>NOMA</b>			
<b>D: IZINKONDLO</b>	8	1	
<b>QAPHELA:</b> Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

**ISIQEPHU A: INOVELI****UMBUZO 1: ITHEMBA LAMI – LF Mathenjwa**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA A**

'Ngikuzwa kahle nkosazana ngingadakiwe, yiqiniso impela le nto oyishoyo, kodwa-ke lokhu okwami kwehlukile, okothando kuphela hhayi ukubulala.' UZabalaza naye ezabalazela ukuzivikela.	
'Uma kungewona owokubulala hleze ngingazama, nakhona sengihlulwa yikho nje ukuthi ungukanina kodwa kungenjalo bengingeke mpela mpela ngavuma. Nalapho kodwa kuyoncika ekuthini usizo alukho yini ngaphezu kwamandla ami.'	5
Yamgqolozela intombi yalinda azokusho.	
'Nkosazana ngizocela uqaphelisise ungalenzi iphutha nangengozi uphambanise le mithi engizokunika yona,' esho embhekisisa efuna ukubona ukuthi ngabe umuzwa kahle yini. 'Ngizocela lona uwufake ekudleni noma emanzini azophuzwa yintombi,' esho emnikeza ibhodlela lokuqala. 'Lona wona kuzofanele uwuvuvuzele emanzini ezogeza ngawo intombi. Nakanjani kulena ngeke adabule, wena nje uqikelele ukuthi ingaphambani.'	10
Wamnikeza nebhodlelana lesibili.	
'Sekukimina-ke ukuthi ngiyifaka kanjani le mithi noma ngivakashela kubo noma ngimbize azolala kithi ukuze ngithole kahle ithuba lokuyisebenzisa, nokho icebo seliyozakha. Hhayi, kodwa buyanihlupha ubushimane benu kanina ngoba bugcina sebufundise nathi ukuthakatha.'	15
'Wo-hhe! Kuyothiwani kanina ngoba kuphilwa ngakho ukusizana lapha ezweni.'	
Baxoxa-ke base beyehlukana bethembisene ukubonana esikhathini esingengakanani kuzwakale ukuthi ngabe izinto zihambe ngalo yini uhlelo. Wasuka umfo kaButhelezi amabombo wawabhekisa ngasekhaya inhliziyo ikhululekile ngoba wayebona ukuthi inkinga yakhe isizoxazululeka.	20

- 1.1 Yini uZabalaza ayinikeza intokazi ayexoxa nayo ngalolu suku? (1)
- 1.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza uZabalaza wakhululeka emva kokuxoxa noNomgedla? (2)
- 1.3 Tomula umusho ophelile okulesi siqeshana okhombisa ukuthi uNomgedla wavuma ukusiza uZabalaza ngenxa yokuthi bayizihlobo zegazi. (2)
- 1.4 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uMzulazula anganeliswa ukusebenza kukaNonkamfela. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.5 USiwela wawusiza kanjani umndeni wakwaMkhumane? (2)
- 1.6 Bhala izinto EZIMBILI uZabalaza azama ngazo ukuzuza uthando lukaNokulindela. (2)

- 1.7 UZabalaza kule noveli uvezwe njengomlingiswa onehliziyo embi futhi ongenandaba nemizwa yabanye abantu. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI ubhekise ezehlakalweni ezikule noveli. (2)
- 1.8 Qhathanisa izindlela ezahlukene ezasetshenziswa nguNonkamfela noNdebele ngesikhathi belapha uSandanezwe ngokwehlukana. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 1.9 Ngabe kuyiqiniso yini ukuthi uSandanezwe wakwazi ukulondoloza kahle imali ngesikhathi esasebenza ezitimeleni zamanzi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 1.10 Kungenzeka yini empilweni yangempela okwenzeka kuSandanezwe ngesikhathi ephoqekeka ukuba ahambe emzini kaNonkamfela yize ayengakasindi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

### KANYE

### ISIQESHANA B

Kwaba ukulihlaba nje iculo sasho isigubhu kwacishe kwavaleka amadlebe, isimame sigijima simzungeza. UNdebele yena wayelokhu embeka izandla ekhuluma ngezilimi ezingezwakaliyo. Kwathi kamuva bamnikeza insonto okwathiwa makayigabe okhalweni, nokuyiyona eyayizoxosha imimoya emibi. 'Le nsonto lena inamandla amakhulu, ibhilwe ngamafutha esadawane. Yiyona ezoxosha le ndoda emfishane ekuhluphayo. Ngizokunika nalesi siwasho usiphuze ubuye uchathe ngaso njalo ekuseni. **Le nsonto** ungayikhumuli noma ngabe wenzani, ngisho ugeza imbala. Lapha-ke angiquli nakuqula ukuthi uzosinda. Inkokhelo yami namandla esithunywa ngamashumi amahlanu opondo.' 5

Nebala uSandanezwe wayikhokha leyo mali ngoba wayengazi ukuthi yikuphi ngempela okuyomphilisa. Into eyayifike yaphawulwa yilesi sayoni eyokuncishelwa yigazi lokhu okwakubukeka sengathi yikho okumzacisayo. Le nto yathanda ukumxaka manje uSandanezwe, uma odokotela besho okwabo, izinyanga zisho okwazo nabathandazi besho okwabo. Wagcina ezitshele nje ukuthi uma abakubo bethanda ukuthi aphile uzophila. 10

'Mama uma le mikhuleko yalaba bantu ingangisindisa, nami sengingayibuka ngelinye iso le nto yokukholwa. Eqinisweni nje ngingasebenza ngokusemandleni ami ukuthi kugcine ngolunye usuku labaya bantu sebekhonzela endlini abayakhelwe nguSandanezwe Mkhumane.' 15

- 1.11 Ubani owaphelezela uSandanezwe ngesikhathi eyohlola kumthandazi? (1)
- 1.12 Yimuphi umuzwa owafikela uSandanezwe emva kokuhlololwa yisayoni? (1)

- 1.13 Gcwalisa isikhala ngempendulo efanele:  
'Khona sengihambahambile kuleziya zibhedlela zeTheku baba ngalesi sifo, nakoK ... imbala sengibuya khona.' (1)
- 1.14 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile njengoba lisetshenziswe kulesi siqeshana esingenhla.  
Le **nsonto** ungayikhumuli noma ngabe wenzani, ngisho ugeza imbala. (1)
- 1.15 Hluza le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo:  
Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE.
- 1.15.1 Ukulandelana kwezigameko (2)
- 1.15.2 Umyalezo (2)
- 1.16 Umbhali uphumelele ukulandela imigomo emayelana nenani labalingiswa kanye nendima abayidlalayo encwadini eyinovelu. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 1.17 Kwaba yisenzo esihle ukuthi uNokulindela axoxele uSebenzile ngenkinga yakhe noSandanezwe. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 1.18 Ngokwakho ukubona ngabe kufanele yini ukuthi abathandazi bashaye/balume abazalwane/iziguli uma sebevukwe isithunywa? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- [35]**

**UMBUZO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-C no-D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

Lwafika olungaliyo lapho sekuyiwa efemini. Ifemu yabiza wonke umndeni kaNtombela ukuze ihlukanise izimali njengoba kwakuyalele umufi. Akabizwanga umfazi wasedolobheni kodwa kwaba khona omtshelayo ukuthi kuyokwehlukaniwa amafa. Uma sekufikwa efemini, uNdabazabantu wabuza ukuthi bangobani bonke laba bantu abagcwele ehovisi lakhe. Bazisho-ke bonke ukuthi bangobani. Ekugcineni uNdabazabantu wafunda uhlu lwabantu ababhalwe nguNtombela. Akavelanga lo wasedolobheni, yonke imali yanikwa lo wasemakhaya.	5
'Wathi ethi uchaza ukuthi uyena owangcwaba indoda, ifemu yathi akakhulume nomndeni umbuyisele imali yakhe. Kwathi kuphunywa nje efemini, umama lo wasedolobheni, wacela kunkosikazi omdala ukuba abuyise imali angcwaba ngayo, bamokha ngensini. Bambuza ukuthi wayethunywe yibo yini. Usuphelelephi umshuwalense ayegabise ngawo na? Sekukhona yini angakukhuluma namabhinca na? Bona othisha ababaziyo badla izambane likapondo, abahambi bekhamisela imali yamabhinca. Wazibonela nje ukuthi ugqoma itshe la, kodwa kwasho ukuthi naye unenkani, waphikelela.'	10
'Ekugcineni wathi umama lo wasemakhaya uzomnika uma engaletha isidumbu sendoda yakhe ayoyingcwaba esibayeni le eXobho. Nebala salethwa isidumbu sesimbiwe. Wangcwatshwa emzini wakhe uNtombela, kwagcwala bonke abantu bendawo. Kwakhalwa kwanjeya. Ngemuva komngcwabo wabuya futhi uMaNgcobo esezocela imali yakhe, kwathiwa akalinde kugezwe kwenziwe nehlabo kuqala.'	15
	20

- 2.1 Yini eyenza ukuthi unkosikazi kaNtombela wasedolobheni angabizwa ngosuku okwakuzohlukaniswa ngalo izimali zomyeni wakhe? (1)
- 2.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza ukuthi ngenkathi bephuma efemini unkosikazi kaNtombela wasemakhaya angambuyiseli uMaNgcobo imali ayengcwabe ngayo umyeni wabo? (2)
- 2.3 Tomula amazwi/amagama akulesi siqeshana akhombisa ukuthi uNtombela babemthanda abantu bendawo yangakubo eXobho. (2)
- 2.4 Nikeza izizathu ezenza ukuthi umakhelwane kaFanyana ambize ngesiyoyoyo esihlulwa ngumfazi. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.5 Zamsiza kanjani izinsizwa zangakubo uManyoba emva kokweqa kwakhe epulazini likaGeorge? (2)
- 2.6 Bhala izindlela EZIMBILI uMaNdlovu azisebenzisa ukulekelela umyeni wakhe ekondleni umndeni wabo. (2)



- 2.7 Unkosikazi kaMjwayeli kule noveli uvezwe njengomlingiswa onehliziyo embi futhi ongenandaba ngemizwa yabanye abantu. Fakazela lokhu ngokubhekisa ezehlakalweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.8 Qhathanisa izeluleko zikaNgobese nezikaDoda abazinika uManyoba behlukana emva kokuthola kwakhe isikhundla sokusebenzisa umshini efemini. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 2.9 Ngabe kuyiqiniso yini ukuthi uManyoba wehlukana ukulondoloza imali yomhlalaphansi ngesikhathi esasebenza? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.10 Kungenzeka yini empilweni yangempela esikhathini samanje okwenzeka kuMarriam kokungalitholi ithuba lokufunda ngoba engumuntu wesifazane? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

### KANYE

#### ISIQESHANA D

Bahlukana kanjalo-ke oManyoba nomkakhe. Umuzi wabo wasala wagadwa uninalume wabafana, naye watshelwa wanganikwa sikhathi sokuphawula ngalesi senzo. Wasala edangele ngesinqumo esathathwa yizingane zikadadewabo. Sebezohlukana babambana baze behlukaniswa umsindo wamahuthi ezimoto sekubonakala ukuthi izingane zabo sezifuna ukuhamba manje. Zasuka-ke izimoto zaphuma ngezindlela ezehlukene. Ubaba nomama babukana zaze zayosithela kunomunyu ebusweni babo bobabili. Baze bayofika lapho beya khona bengakhulami becabanga ukuthi ngemuva kweminyaka engamashumi amathathu nesikhombisa bengakaze behlukane, namuhla sebeyehlukana, bengahlukaniswa ukufa. Kwakunzima uma becabanga ukuthi bazohlukana isikhathi eside kangaka, nokuthi bangeke babonane futhi kunjalo nje. Kuyolaleka nje belale bengabonananga na? 5

Okubuhlungu kakhulu ngale ndaba ukuthi abazali balezi zingane abakaze baye kulezi zindawo abaya kuzo namuhla. Kubona bobabili kwake kwaba lukhuni ukuyicabanga le nto ebenzakalele uma sekufika isikhathi sokuthandaza ebusuku, nakhu phela umama uyena owayeqala iculo njalo uma sekuthandazwa. Abantwana abakucabanganga lokhu ngesikhathi bebahlukanisa abazali babo. Izingane zona azithandazi uma sezilala, zimane zizilalele nje. Kungakapholi maseko nje umama waxabana **nomalokazane** wakhe ngoba akakwazanga ukungasho ukuthi akuthandazwe. 'Hawu! Bantabami, asisathandazi sibonge iNkosi sihambe kwangaba bikho zingozi endleleni? Ngicela sithandaze bantabami, njengenjwayezi.' Bathandaza ngelanga lokuqala kodwa ngelesibili kwala kumalokazana. 10 15 20

- 2.11 Ubani owayezogada umuzi kaManyoba ngesikhathi bona behlala namadodana abo ngokwehlukana? (1)
- 2.12 Yimuphi umuzwa owafikela uManyoba kanye noMaNdlovu ngesikhathi izimoto zamadodana abo seziphuma ngezindlela ezehlukene? (1)

- 2.13 Gcwalisa isikhala ngempendulo efanele:  
Bekuyoba ngcono kuyena ukuba ubezoya eG ... lapho ayesebenza khona eselibhungu. (1)
- 2.14 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile njengoba lisetshenziswe kulesi siqeshana esingenhla.  
Kungakapholi maseko nje umama waxabana **nomalokazane** wakhe ngoba akakwazanga ukungasho ukuthi akuthandazwe. (1)
- 2.15 Hluza le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE.
- 2.15.1 Ukulandelana kwezigameko (2)
- 2.15.2 Umyalezo (2)
- 2.16 Umbhali uphumelele ukulandela imigomo emayelana nenani labalingiswa kanye nendima abayidlalayo encwadini eyinovele. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.17 Kwaba yisenzo esihle ukuthi uManyoba nomkakhe batshele uMfundisi Zakwe izinkinga zabo ngesikhathi behlangana naye eMnambithi. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.18 Ngokwakho ukubona ngabe kufanele yini ukuthi obaba balobolele amadodana abo njengoba kwenza uManyoba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-E no-F) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

'Wabonakala wesese nje Bheki namuhla?'

'Cha, Sifiso, ukuthi izolo ngike ngathola ithutshana lokuxoxa noTholi.'

'Uyazi ukuthi sengiyamazi uTholi lowo ukuthi ungumfelokazi wale emakhaya.'

'Umaze kanjani?'

'NgoZenze.'

5

'Wazana noZenze?'

'Baningi phela abajita engibaphethe mina mfowethu?'

'Manje uthi angenzenjani Sifiso?'

'Phela ayikho into ongayenza, ingani sengikutshelile ukuthi uTholi umfelokazi.'

'Sifiso, kulukhuni kabi ukuthi ngivele ngiyiyeke kanjalo indaba kaTholi. Angizenzi, ngisenkingeni enzima.'

10

'Noma ngabe inkinga yakho ingakanani ngeke ize ikwenze ukuba ufune ukuganwa umfelokazi. Bayamfuna futhi abafowabo bomkhwenyana. Uma uzisondeza kuTholi uzongena enkingeni ndoda.' Wathula uBheki amathe abuyela kwasifuba. Wezwa ikhanda sengathi liyazimuka.

15

'Ngiyezwa Sifiso.' Washo maqede wasuka wahamba uBhekani. Wabona ukuthi ubethi uphuma ekuhluphekeni, kanti sengathi uphonseka kokukhulu. Wagcina ezitshela ukuthi akayeke manje ukuloku ekhuluma le ndaba noSifiso. Umqondo wakhe wazicabangela uTholakele. Wahleka yedwa ebona lobuya buhle ngamehlo engqondo. Wazitshela ukuthi kuyobe kungaqali ngaye ukushada nomfelokazi. Kwathi uma ecabanga ngoBhatomu wazitshela ukuthi uma bengahlangana kuyochitheka izishebo okungcono.

20

Esacabanga ngaleyo nto, kwashaya isikhathi sokuphuma kwesikole. Zaya kuBhekani. Wafica unina elele. Akabe esamvusa. Walungela ukuyohlangabeza uTholakele. Nebala baficana endaweni yabo. Bahambisana.

25

- 3.1 Yini eyayenza ukuthi uBhekani abukeke ejabule ngesikhathi exoxa noSifiso ngalolu suku? (1)
- 3.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza uSifiso abone kungeyona into enhle ukuthi uBhekani aqhubeke nokuthandana noTholakele? (2)
- 3.3 Tomula umusho ophelele okulesi siqeshana okhombisa ukuthi uBhekani waphoxeka wapheliswa ngamagama emva kokuzwa izindaba ezingezinhle ngoTholakele. (2)
- 3.4 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uBhekani angasithengi isibhamu ayesethenjiswa nguJazibomvu. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 3.5 Omakhelwane bakaTholakele bamsiza kanjani uBhekani ngesikhathi elwa noBhatomu? (2)

- 3.6 Bhala izindlela EZIMBILI uPamella, uZenze kanye noTholakele abazisebenzisa ukuqola uBhekani. (2)
- 3.7 UBhatomu kule noveli uvezwe njengomlingiswa onehliziyo embi futhi ongayikhathalele imizwa yabanye abantu. Fakazela lokhu ngokubhekisa ezehlakalweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 3.8 Qhathanisa okwenzeka ngesikhathi uLindiwe evakasha okokuqala kubo kaBhekani nangesikhathi esebuya okwesibili emva kwezinyanga eziyisihlanu. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 3.9 Ngabe kuyiqiniso yini ukuthi kwaba yisibusiso kuBhekani ukuboshwa kukaTholakele bengakalibophi ifindo lomshado? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 3.10 Kungenzeka yini empilweni yangempela esikhathini samanje okwenzeka kuTholakele ephoqeelwa ngesiko lokungenwa emva kokushona komyeni wakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE****ISIQESHANA F**

Isikhathi sihambe. Lutho umakoti. Usecasukile manje uBheki. Umfundisi athi abangene manje abakwamkhenyana. Bavume. Bangena nje uBheki **uyazihudula**. Yilokhu ebheka emuva into engapheli. Abone ukuthi kusobala ukuthi isu likaBhatomu lisebenzile. Axakwe ukuthi abasezi ngani ukuzobika uma kukhona ingxaki. Kuzwakale umsinjwana phandle. Yibo oTholi. Abazilungisile bayaconsa. Ukhona 5 noPamella. Akhululeke kancane uBheki. Umfundisi athumele ukuthi bangene ngokushesha. Nempela bangene. Kukikizelwe, kuchwaze esotweni. Kube ukungena nje aqale umsebenzi umfundisi. Kuthi kuphakathi kusukume uyise kaTholi, amemeze khona esontweni lapha: 'Ubani othathe ilobolo lalo makoti?' Abantu babheke kulo baba omemezayo. Amehlo abomvu klubhu kulo baba. Bathi 10 bayamthulisa athethe aye phambili. Alizwe leli izwi elibuzayo uBheki. Ezwe efikelwa umjuluko omncane. Kusobala ukuthi imali yakhe idliwe uZenze yonke. Uthe esalalele lokho, wasukuma uTholi waqonda ngqo kulo baba omemezayo. Weswela umgodu wokucasha uBheki. Umfundisi athi akuculwe. Licule ibandla. Afike uTholi athi ukukhuluma noyise, ahlale phansi uyise. 15 Athi efika eduze kukaBheki uTholi, abuze uBheki ukuthi ubeyothini kuyise. 'Kanti nalishonisaphi ilobolo Tholi?' Ubuza ngokuhleba ecasukile manje uBheki.

- 3.11 Ubani owaphazamisa uhlelo lomshado ngokumemeza abuze imali yamalobolo ngololu suku? (1)
- 3.12 Yimuphi umuzwa owafikela uBhekani ngesikhathi ebuza uTholi ukuthi balishonisaphi ilobolo? (1)
- 3.13 Gcwalisa isikhala ngempendulo efanele:  
'... Ngihlala kuyo le mijondolo yalapha eN ... emisha.' (1)

- 3.14 Chaza leli gama elibhalwe ngokugqamile njengoba lisetshenziswe kulesi siqeshana esingenhla.  
Bangena nje uBheki **uyazihudula.** (1)
- 3.15 Hluza le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo:  
Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE.
- 3.15.1 Ukulandelana kwezigameko (2)
- 3.15.2 Umyalezo (2)
- 3.16 Umbhali uphumelele ukulandela imigomo emayelana nenani labalingiswa kanye nendima abayidlalayo encwadini eyinoveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 3.17 Kwaba yisenzo esihle ukuthi umama kaBhekani atshele umfowabo indaba yokuthi uBhekani ufuna ukushada. Sekela lo mbono ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 3.18 Ngokwakho ukubona ngabe kwakufanele yini ukuthi uTholakele alande uBhekani kubo yize kwakukhona uLindiwe ngalolo suku. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]****AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: UMDLALO****UMBUZO 4: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-G no-H) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA G**

(Emzini wenkosi, uShandu. Inkosi izixoxela nomkayo uMaNgema. Bahleli endlini yokuphumula.)

SHANDU:	Waze wasiyala uHulumeni ngale mithetho yakhe esikhweza abafokazana emakhanda amakhosi.	
MANGEMA:	Uqinisile baba, oDuma abasazikhohliwe bengamakhosi. Ngempela uDuma ungekhohlwe sekunguye inkosi kule ndawo. Kukhona nabantu asebenkhulekela. Eqinisweni nje, lo Hulumeni wayecabangeni nje aze ashaye umthetho onje?	5
SHANDU:	(ubuso buhwaqabala) Kwakunani nje ukuthi bavotise abasemadolobheni kuphela? Thina makhosi basivikele ngokushaya umthetho othi masifundiswe ngokusebenzisana nabantu ekuletheni intuthuko. Buka nje manje, abantu sebenezimpawana zokuhlukana phakathi. Kukhona asebenzibuka <b>njengento engathi shu</b> . Abanye bazonda uDuma egameni lokuthi usethathe isikhundla sami engasinikwa uMvelingqangi kanye nobabamkhulu.	10 15
MANGEMA:	(ahebeze ngezandla sakuphika) Cha! Cha! Noma ngabe lo mthetho ushaywe ePitoli noma eKapa inkosi iyohlale iyinkosi. Angifundile okuyaphi kepha ngiyazi ukuthi ngaphambi kokushaya umthetho, kudingeka kube nocwaningo. Phela kumele bacwaninge ngosikompilo lwama-Afrika kuqala ze bakwazi ukushaya umthetho ongachithi okukhona ngoba bakwethu, kuse-Afrika lapha.	20
SHANDU:	(aneke izandla sakuzivula, okukaMfundisi eshumayela) Ngivumelana nawe MaNgema. Uyazi kuyasho ukuthi walunguza esikoleni. Futhi-ke nje akukhona ukulunguza ukufunda uze ube nguthisha. Phela uhleli nje ungafundisi ngoba yimi kanye nobaba esanquma ukuba ube yinkosikazi yenkosi egcwele. Wawungeke ube yiyo egcwele ube ufundisa. Cabanga nje inkosikazi yenkosi idelelwa yizingane zabafokazana. Okubi kakhulu-ke nawe utholakale ulawulwa nguthishanhloko ongumfokazana.	25

- 4.1 Bhala amagama abantu inkosi uShandu ebabiza ngabafokazana kulesi siqeshana. (2)
- 4.2 Ngokusho kukaMaNgema yini okufanele yenziwe nguHulumeni ngaphambi kokushaya umthetho? (2)
- 4.3 Ngokwalesi siqeshana yiziphi izizathu ezenza inkosi uShandu ingathandi ukuthi uMaNgema asebenze. Bhala izizathu EZIMBILI. (2)
- 4.4 Ngubani inkosikazi eyakhulela kwaMashu kulo mdlalo? (1)

- 4.5 UDuma wayengaphumelela ukuletha intuthuko endaweni ngaphandle kosizo lukaMbandlwa. Fakazela lesi sitatimende ngalokho okushiwo endabeni. (2)
- 4.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:  
'Kukhona asebenzibuka **njengento engathi shu.**'  
Ibinzana lamagama abhalwe ngokugqamile lichaza ukuthi ...
- A umuntu ovilaphayo.  
B umuntu okhuthela.  
C umuntu ongelutho.  
D umuntu ongezwa. (1)
- 4.7 Tomula umusho okulesi siqeshana enkulumweni yenkosi uShandu ositshela ukuthi laba abaxoxayo basendaweni yasemakhaya. (2)
- 4.8 Bhala isigameko ESISODWA esiveza uSayitsheni njengomlingiswa olimelayo iqiniso. (2)
- 4.9 Isicelo sikaMaShezi sokuthi uDuma ahloniphe inkosi ngenkathi ithumele unogada ukuthi azoyibona kwazikhulisa kanjani izehlakalo/izigameko zokungezwani kulo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 4.10 Umbhali walo mdlalo ukwazile ukufeza imigomo yokubhala isingeniso. Fakazela lokhu ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 4.11 Ukukhulela edolobheni kunomthelela omkhulu endleleni esibuka nesenza ngayo izinto. Uyavumelana yini nalo mbono? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI ubhekise kuMaShezi. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

MBANDLWA:	<i>(asukume)</i> Uyadlala uMaShezi! HHayi bo! Senzeni! Sijabulise lezi zilima ezingahambisani nezinguquko? Lutho! Lalela lapha wena! Hamba uye emaphoyiseni ufike ubike ngomhlangano ofuna ukuwubiza maqede uwacele ukuba afike ngoba kunabantu abangayifuni inqubekela phambili kule ndawo. Uchaze nje nangobungozi babo. Ngeke amaphoyisa akwenzele phansi. Akekho umuntu ongazithela emaphoyiseni ewabona. Uyabona, lowo mhlango uyokunika amandla ngoba uyonunusela abantu ngezinhlelo ezikhangisayo okufanele zenziwe. Ngiyakutshela nongafuni lutho ngekhangsela, uyophenduka ahambisane nalo. Emva kwalowo mhlango uyophenduka inkosi. Imilomo, bheka <i>(avale umlomo wakhe ngesandla elingisa amazwi akhe)</i> koDlamini.	5 10
DUMA:	Usuyakhuluma-ke manje mfo. Uyazi okunye engikucabangayo ngukuthi umhlangano akusadingeki siwubize ngombhobho. Sizobhala isimemo esikhangayo maqede sicele ozosibhalela ngekhompyutha. Ukusukela lapho, sizoyosigaya emshinini lona ozikhipha sekuyizimemo eziningi ukuze sikwazi ukuzinameka kulo lonke leli wadi lami.	15
MBANDLWA:	Wena nje zama ukuthi ulahle uMaShezi umqondo ngoba le ndaba yokuyokhuleka enkosini mina angiyifuni. Le nkosi ayibuzwe ubuhlungu bokubukela wena ulawula ngaphandle kwayo. Sazabalaza thina! Bafa abantu sizabalaza! Yayikuphi inkosi? Angithi yiyo eyayisijaha ngezinja zayo? Mfowethu ayikho into ebuhlungu ukwedlula ukulahlekelwa ngamandla akho.	20
DUMA:	<i>(aeke izandla njengodelile)</i> Uqedile ungethole. Inkosi ayiphuze umuthi owaxutshwa yiyo.	25

- 4.12 Bhala iseluleko esishiwo nguMbandlwa kulesi siqephu esasingenza umphakathi ulilalele ikhansela. (1)
- 4.13 Yisiphi isenzo esenziwa nguMaShezi esasingumzamo wokuletha uxolo phakathi kwenkosi nekhansela? (2)
- 4.14 Isiphetho salo mdlalo sivalekile. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 4.15 Umbhali uphumelele ukusivezela indikimba yakhe ngalo mdlalo. Bhala indikimba bese wesekela ngephuzu ELILODWA. (2)
- 4.16 Chaza ngokubaluleka kweqhaza elibanjwe nguMfu. Mazongolo kulo mdlalo. (2)
- 4.17 Xoxa ngephuzu ELILODWA ukuthi yaxazululeka kanjani inkinga yommeleli kulo mdlalo. (2)
- 4.18 Uma wawunikwa ithuba lokukhetha phakathi kokubusa ngentando yeningi nokubusa ngohlelo lwezinduna namakhosi, wawungakhetha kuphi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI, ubhekise endabeni. (2)
- 4.19 Ungakujabulela yini ukuba yikhansela? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

(2)  
[35]



**UMBUZO 5: ICALA KALIBOLI – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-I no-J) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

*(Ekuseni kwaMbhele. UMbhele usanda kuphuma ngemoto eyovula ezitolo. Umkakhe uSonto usathi uqoqa izitsha zetiye ebeliphuzwa nguMbhele. Kuvuleke umnyango ngewala, kungene uMthofi.)*

SONTO:	<i>(Ngokwethuka)</i> Hawu! Mthofi, waze wangethusa! Uqhamukaphi usungena ungangqongqo ...?	5
MTHOFI:	<i>(Ngolaka)</i> Uzungibuza ukuthi ngiphumaphi wena doti, awazi yini?	
SONTO:	Usuphumile yini ejele masinyane kangaka?	
MTHOFI:	<i>(Akiphe isibhamu)</i> Angizanga ukuzophendula imibuzo <b>engathi shu</b> lapha. <i>(Ekhangeza)</i> Imali yami kayihlale esandleni!	
SONTO:	<i>(Avule amehlo ngokwesaba)</i> Uyazi Mthofi, kunengane la endlini njengoba ukhipha isibhamu nje.	10
MTHOFI:	<i>(Ngokubhuqa)</i> Sewaze wathola nengane, kukuambela kahle impela sisi. <i>(Emkhomba ngesibhamu)</i> Imali yami la!	
SONTO:	<i>(Ephakamise izandla ephfumulela phezulu)</i> Ungangibulali Mthofi, uzoyithola imali yakho.	15
MTHOFI:	<i>(Esikhombe ngqo ebusweni bukaSonto isibhamu.)</i> Ucabanga ukuthi uyazi wena doti! Wawucabanga ukuthi ngizofela ejele yini?	
SONTO:	Angishongo ukuthi kwakufanele ufele ejele.	
MTHOFI:	<i>Fifteen years</i> ngiboshiwe awukaze uzongibona nakanye.	
SONTO:	Ngangi ...	20
MTHOFI:	<i>(Akhulume uSonto engakaqedi ukukhuluma.)</i> Wathi angibulale umkaMbhele ngoba nje ufuna ukuthi kungene wena emafutheni. Wafa umkaMbhele ngenxa yakho.	
SONTO:	<i>(Ngokuthukuthela)</i> Lowo mfazi nguye owangidelela, kwakumfanele ukufa.	25
MTHOFI:	<i>(Ehlisa isibhamu)</i> Pho wawungimpimpelani emaphoyiseni? Angithi wawubalekela ukukhokha imali yami? <i>(Enikina ikhanda, enxapha)</i> Nithatha amashansi Sonto.	
SONTO:	<i>(Ngolakana)</i> Musa ukungisanganela, angithi nguwe owahluleka ukubaleka, amaphoyisa akuthola, waboshwa?	30
MTHOFI:	Hheyi, kawuyeke amanga doti! Nguwe owangimpimpa, ngaboshwa mina, wena wasala emafutheni.	

- 5.1 Bhala amagama abantu besifazane okukhulunywa ngabo kulesi siqeshana. (2)
- 5.2 Ngokusho kukaMthofi yini okwakufanele yenziwe nguSonto ngesikhathi yena uMthofi esejele? (2)
- 5.3 Ngokwalesi siqeshana kwakuyisiphi isizathu sikaSonto sokumpimpa uMthofi emaphoyiseni. Bhala izizathu EZIMBILI. (2)
- 5.4 Ngubani ummeli kaMbhele? (1)

- 5.5 UZinhle wayezokwazi ukuphila kahle yize wayeshonelwe ubaba wakhe kwabuye kwaboshwa noSonto. Fakazela lesi sitatimende. (2)
- 5.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:  
Angizanga ukuzophendula imibuzo **engathi shu** lapha.  
Ibinzana lamagama abhalwe ngokugqamile lichaza ukuthi:
- A engadinge mpendulo.  
B engenazo izimpendulo.  
C engenawo umsebenzi.  
D engenalo iqiniso. (1)
- 5.7 Tomula amagama akulesi siqeshana asitshela ukuthi sabe sisihle isimo zezimali/somnotho emzini kaMbhele. (2)
- 5.8 Bhala OKUKODWA okuveza uMaNsibande njengomlingiswa owusizo ebandleni. (2)
- 5.9 Isicelo sikaSonto kulesi siqeshana sokuthi uMthofi akangambulali uzomnikeza imali amkweleta yona, sazikhulisa kanjani izehlakalo/izigameko zobugebengu kulo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 5.10 Umbhali walo mdlalo ukwazile ukufeza izidingo zokubhala isingeniso ngendlela. Fakazela lokhu ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 5.11 Ukukhulela edolobheni kunomthelela omkhulu endleleni esibuka nesenza ngayo izinto. Uyavumelana yini nalo mbono? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI ubhekise kuSonto. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

DLAMINI:	Lababafana bangena lapha belengise izibhamu ngezandla baphendule umuzi wakho indawo okwenzelwa kuyo ubugebengu bakhahlele izivalo, kubenjeya.	
MBHELE:	O, usho lowaya mfana owaphuma lapha ephethe isibhamu ngesandla? Hhayi ngambona, wayehamba nje efuna abafana ababethusene naye.	5
DLAMINI:	<i>(Enikina ikhanda)</i> Nizodlala amakhosikazi mfana kaMbhele. Yinto akutshela yona leyo, hhayi onobufakazi ngayo. <i>(Evuma ngekhandla)</i> Ngiyabona, okusho ukuthi njalo abafana uma kuphuma wena, bona bayangena bezofuna abafana ababethusene nabo, bakhahlele izicabha. <i>Inonsense</i> leyo.	10
MBHELE:	Usho ukuthini uma uthi njalo?	
DLAMINI:	Mina bengidinga imali ukuze ngikwazi ukukhuluma, sengathi wena uzodinga imali ekhokhwayo ukuze ulalele ngoba ngiyasho nje, wena kawungizwa. Ngithi njalo, kwenye inkathi kabili ngosuku.	
MBHELE:	Awazi ukuthi basuke befunani?	15
DLAMINI:	Sengathi kumayelana nemali. Ngoba ngake ngezwa beyiphatha uma sebebanga lo msindo wabo. Kodwa mfana kaMbhele ngiyasola mina.	
MBHELE:	Uzolani?	
DLAMINI:	Sengathi ukufa kwakho kuseduze lapha.	
MBHELE:	Kuseduze? Usho ngani?	20
DLAMINI:	Ngisho nje ngoba lo mkakho ubengasaqondakali kulezi zinsuku.	
MBHELE:	Kungabe kukhona yini aphezu kwakho?	
DLAMINI:	Mfana kaMbhele, umdala uma ungaka. Kakulula ukuba konke ukuthole noma ukuzwe ngami. Engingakusho nje ukuthi vula izindlebe namehlo.	
MBHELE:	Kanjani Sibalukhulu?	25
DLAMINI:	<i>(Eqalaza)</i> Hamba manje mfana wami. Kwanele lokhu esengikushilo. Kuzoze kuqhamuke umkakho noma laba bafanyana abangapheli kwakho bese ngithola ukulimala.	

- 5.12 Yisiphi isenzo esenziwa nguDlamini esasingumzamo wokuthola imali kuMbhele ngokwasesiqeshini esingenhla? (1)
- 5.13 Bhala isizathu esenza uMbhele washintsha incwadi yefa lakhe. (2)
- 5.14 Isiphetho salo mdlalo sivalekile. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 5.15 Umbhali uphumelele ukusivezela indikimba yakhe ngalo mdlalo. Bhala indikimba bese wesekele ngephuzu ELILODWA. (2)
- 5.16 Chaza ngokubaluleka kweqhaza elibanjwe ngumseshi uNhleko ekukhuliseni lo mdlalo. (2)
- 5.17 Yaxazululeka yini inkinga yommeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 5.18 Uma ubunikwa ithuba lokweluleka uSonto ngendlela yokuziphatha, wawungameluleka uthini? Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 5.19 Ungakujabulela yini ukushada nosomabhizinisi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**

**UMBUZO 6: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-K no-L) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

MAMBATHA:	Umalokazana akanankinga baba. Thina esibadala sizomtshela ukuthi kuhanjiswa kanjani uma kunje. <b>Indlela phela ibuzwa kwabaphambili.</b> Umuntu engibona ezokona le nto, uwena Manzini. Sengathi uyithatha kancane le ndaba. Zimisele impela ungavumi ukwehlulwa izindaba zomuzi wakho.	5
ZUNGU:	Cha nkosikazi angizitheli ngabandayo ngifuna ukuluhlaziya ngilucwaninge kahle lolu daba. Okwesibili ngiyalubona ukuthi alusiyo into yokuthathwa ngamawala. Angimethembi futhi lo Dumisani wakho mina.	
MAMBATHA:	Yini eyenza ungamethembi uDumisani?	10
ZUNGU:	Abantu abasha ngeke ubethembe. Uma efuna ukuzithathela umalokazana othi yena engxenye?	
MAMBATHA:	<i>(Aswace manje)</i> Baba musa ukuzihlupha ngayo yonke le nto oyishoyo ngoDumisani. Umfana uzobizelwa uzalo lumchazele yonke into okufanele ayenze.	15
ZUNGU:	Asazi-ke kuyozanywa. Ingabe uyoyithanda yini le ngane yabantu. Angisafuni iphatheke kabi ngenxa yaleli shwa eliyehlele. Pho uthi akungcono kesiyithi fahla kumakoti le ndaba? Akukho nkinga lapho. Ngizotshela nangu uThabile ambize.	
MAMBATHA:	<i>(Athunyelwe uThabi, abuye noThenjiwe, afike ahlale phansi)</i> Khulumake baba nangu umlobokazi. Nokho-ke kukhona udatshana esibona ukuthi asiluthi fahla nawe ubeke owakho umbono.	20
THENJIWE:	Ngiyabonga baba nomama bese ngethukile impela. <i>(Athi ukuhleka)</i>	
ZUNGU:	Into esiphethe kabi ukuthi uSikhumbuzo ukushiye usemncane kakhulu. Inkinga-ke ukuthi asazi noma uyazi ukuthi kufanele wenzenjani uma isimo sinje.	25

- 6.1 Bhala amagama ezingane zikaZungu ezibalwe kulesi siqeshana. (2)
- 6.2 Ngokusho kukaMaMbatha kulesi siqeshana yini ezoxazulula inkinga kaDumisani uma engafuni ukwenza lokhu okuhlongozwa/okushiwo nguZungu mayelana nokungena uThenjiwe? (2)
- 6.3 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza uZungu angathembi ukuthi uDumisani uyosamukela isicelo sabo sokuthi angene uThenjiwe? Bala izizathu EZIMBILI. (2)
- 6.4 Ngubani owagwaza uDumisani? (1)
- 6.5 UThenjiwe wayenalokho ikhono ayengaziphilisa ngalo njengoba ayeseshonelwe ngumyeni wakhe. Fakazela lesi sitatimende ngalokho okwenzeka endabeni. (2)

- 6.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- Isimo sokukhuluma esithi: **Indlela phela ibuzwa kwabaphambili** sisho ukuthi umuntu ...
- A akahambe ayogana.  
B akabuze uma engazi.  
C osebenzayo uyaphumelela.  
D ohamba phambili. (1)
- 6.7 Tomula umusho osenkulumweni kaZungu okhombisa ngokusobala ukuthi uyazi ukuthi isicelo sabo kuThenjiwe sokuthi angenwe uDumisani asizukuba lula. (2)
- 6.8 Bhala isizathu ESISODWA esiveza uZungu njengomlingiswa onozwelo kulo mdlalo. (2)
- 6.9 Isicelo sabazali bakaSkhumbuzo kuThenjiwe sokuthi avume ukungenwa nguDumisani kwazikhulisa kanjani izehlakalo/izigameko zokungezwani kulo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 6.10 Umbhali walo mdlalo ukwazile ukufeza imigomo yokubhala isingeniso. Fakazela lokhu ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 6.11 Uyavumelana yini nokuthi isiko lokungenwa lihle? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

THENJIWE:	Abusho lutho ubuncane bukaDumisani. Into enkulu ukuthi angimfuni. Ngicabanga nokuthi nalo lelo siko ngeke lisebenze uthando lungekho.	
ZUNGU:	Sengathi ijulile inkulumo yakho makoti. Kokunye nathi besinake isiko nje kanti kukhona lapho siphaphalaza khona.	
NONDUMISO:	Ngisuswe yilokho phansi mina Manzini. Ngicabanga ukuthi isiko lisebenza kahle uma kukhona ukuzwana. Angiboni ukuthi lingaphoqelelwa ngenkani.	5
ZUNGU:	Sengathi kuzofuneka sihlangane nomndeni wakini; kuboniswane ngale ndaba.	
THENJIWE:	Engikucelayo ukubuyela ekhaya, kuphela nje. ( <i>Kufike uMaMbatha</i> )	10
MAMBATHA:	Sanibona bantabami!	
THENJIWE/ NONDUMISO:	Yebo mama!	
MAMBATHA:	Ulandwe uwe yini umlobokazi baba?	
ZUNGU:	Cha nkosikazi ngibabone sebengena nodadewabo. Phela mina bengizovuka ekuseni ngiyofuna.	15
MAMBATHA:	( <i>Ebheke kuThenjiwe</i> ) Kanti uma umuntu evakashele udadewabo akabe esasho?	
NONDUMISO:	Cha mama ubengeke asho ngoba uhambe kungekuhle uThenji.	
MAMBATHA:	Uthi bekwenziwa yini kungabi kuhle?	
THENJIWE:	Ngiyaxolisa mama ngesenzo sami. Inkinga yami ukuthi angizimisele ukulandela leli siko enilishoyo, ngicela ukuya ekhaya.	20
MAMBATHA:	Kusho ukuthi ufuna ukuhamba ngenkani?	
NONDUMISO:	Yikho lokhu okungisuse phansi mama. Yiso lesi sizathu futshi esenze ukuba ngimbuyise lapha ekhaya uThenji. Ngeke alungelwe yilutho uma ezokwenza izinto ngenkani. Kodwa-ke nami ngicela nimvumele abuyeke ekhaya.	25
MAMBATHA:	( <i>Ahwaqe</i> ) Uyabona wena awufanele ukuzokhuluma izindaba zakulo muzi.	

- 6.12 Yisiphi isenzo esenziwa ngabakwaZungu esenza uZungu athi baphaphalaza? (1)
- 6.13 Bhala isizathu esashiwo nguThenjiwe esenza angathandi ukungenwa nguDumisani. (2)
- 6.14 Isiphetho salo mdlalo sivalekile. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 6.15 Umbhali uphumelele ukusivezela indikimba yakhe ngalo mdlalo. Bhala indikimba bese wesekela ngephuzu ELILODWA. (2)
- 6.16 Chaza ngokubaluleka kweqhaza elibanjwe nguThabi kulo mdlalo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

- 6.17 Xoxa ngephuzu ELILODWA ukuthi yaxazululeka yini inkinga yommeleli kulo mdlalo? (2)
- 6.18 Uma unikwa ithuba lokweluleka uMaMbatha ngokuphoqelela isiko lokungenwa kuThenjiwe, wawungameluleka uthini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 6.19 Ungakujabulela yini ukuthi uma udadewenu eseshonelwe ngumyeni wakhe angenwe ngumfowabo kamkhwenyana? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE****IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 7.1 NOMBUSO 7.2.

**UMBUZO 7****7.1 'UMUNWE' – Sicelo Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

'Wenelisekile yizimpendulo zami Zodwa?'	
'Cha, angenelisekanga. Ngaphezu kwalokho, ngisenombuzo owodwa wokucina.'	
'Buza, ngizokuphendula.'	
'Ushadile?'	5
'Mina? Cha, cha, cha. Angishadile. Mina? Lutho.' Yimi lowo ngiphika.	
'Ngiyayibonga impendulo yakho mfowethu.'	
'Ukubuziswa yini lokhu?'	
'Ngikubuziswa wukuthi angifuni sichithelane isikhathi ngento engekho. Yingakho ngifuna isiqiniseko sokuthi uqotho, futhi uthembekile. Phela kukhona amadoda akhohlakele kabi, ashiya abafazi bawo, ahambe enza ukungcola lapha ngaphandle. Umntwana wabantu uhlezi nje laphaya ekhaya, akazi ukuthi iyakhohlakala indoda ngapha. Ihamba icosha wonke udoti lona. Kukhona nabantu besifazane abangcole kabi, abangenandaba noma ngabe umuntu ushadile noma cha. Bayawola nje. Wena ngikubona kahle ukuthi ushadile kodwa usenesikhathi <b>sokudlala ngomlilo</b> . Bheka umunwe wakho lowo,' washo esukuma, engishiya netafula, nezitsha ezingcolile. Lingcolile leli tafula engihleli kulona, bengingalinakile.	10
Uthini uZodwa? Umunwe? Uyahlanya yini? Umunwe uhlangana ngaphi nale nto ebesiyikhuluma? Ngayibukisisa yonke iminwe yami. Ngayibuka sengathi angiyazi kanti ngiyayazi, ngeyami. Awu, uyaqaphela lo muntu madoda! Phela kuyabonakala lapho kuhlala khona indandatho yami yomshado, khona lapha emnweni wami. Isikhumba sithanda ukukhanyakhanya kuleyo ndawo. Phela ngivamise ukuyikhipha indandatho lena uma sengisithele emehlweni kaThandi.	15
	20
	25

- 7.1.1 Ngokwalesi siqeshana ngubani igama lentokazi eyayeshelwa ngumxoxi? (1)
- 7.1.2 Caphuna ibinzana lamagama akulesi siqeshana asitshela ukuthi laba abakhulumayo bahlukana **sebeqedile ukudla**. (1)
- 7.1.3 Yisiphi isizathu esasenza ukuthi umunwe walo muntu wesilisa ukhanye kakhulu kuneminye? (2)



- 7.1.4 Chaza kafushane izizathu ezenza ukuthi lo wesilisa ashintshe isibhedlela ayesebenza kuso, iGrey's eze e-Edendale. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 7.1.5 Bhala ngamaphuzu AMABILI izinto lo muntu wesilisa ayesola ukuthi iyizona le ntombazane ayeshelayo. (2)
- 7.1.6 Chaza leli binzana lamagama elibhalwe ngokugqamile kulo musho ongezansi njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana esingenhla.  
Wena ngikubona kahle ukuthi ushadile kodwa usenesikhathi **sokudlala ngomlilo.** (2)
- 7.1.7 Phawula ngodweshu lwangaphakathi oluphathelele nomlingiswa wesilisa ngesikhathi esesele yedwa etafuleni. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 7.1.8 Chaza ngovuthondaba kule ndaba. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
- 7.1.9 Isiphetho sale ndaba sinengwijikhwebu. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 7.1.10 Isenzo salo muntu wesilisa sokukhumula indandatho uma engekho phambi kwenkosikazi yakhe asamukelekile. Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

## 7.2 'INGODUSO' – S Bhengu

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

'Kulungile-ke. Asihlale phansi njengoba usho. Sizohubeka. Vele uselele umntanami, isilele indodana yami.'	
'Hlala lapha-ke. Ngizohlala la, ungangithinti bandla Sipho, ngiyakucela. Ungangithinti.' Ahlale abheke le. Kusobala ukuthi usengilahlile ngempela uNokwazi. Kodwa pho eminyakeni emibili nje vo!	5
'Uphumaphi Sipho?' ebuza.	
'Nokwazi, ngicela uxolo, Sithandwa. Ngizozama ukulubeka udaba lonke, yize ngizolubeka ngezinqamulelayo nje ukuze sisheshe singene endlini. Ngase ngikhathele ukusebenza ngingayiboni imali. Ngase ngifuna ukushesha ngiqedele ilobolo ebese sishada. Ngangifuna sithi singashada ebese siyohlala sobathathu edolobheni, mina nawe nendodana yethu, sibe ngumndeni onentokozo.' Ngigwinye amathe.	10
'Kwase kubanjani Sipho?' kubuza yena.	
'Ngahamba Nokwazi sengiyibonile imali laphaya emsebenzini ukuthi igcinwaphi. Akekho owayesebenza ngalelo langa engahamba ngalo. Ngafika sekumnyama kuthule kuthe cwaka. Ngavula kahle ngokhiye engase ngiwebile, ngayithatha yonke leyo mali.'	15
'Uqonde ukuthi wawufuna ukungishada ngemali yokwebiwa? Ngemali yokwebiwa Sipho?'	
'Ayikho into engangizoyenza Nokwazi. Uyihlo nawe uyazi ukuthi wayejahe kanjani ukuthi sishade nawe. Nami futhi ngangifuna ukuba usheshe usondele neno.'	20
'Qhubeka Sipho.'	
'Ngayithatha-ke imali ngaphuma. Kwaba yinhlanhla nje ukuthi onogada bangangizwa ngisangena. Inkinga yaba lapho sengiphuma, bangibona. Saqhuma kanye isibhamu ...!'	25
'Isibhamu futhi!' egxuma ema laphaya. 'Namanje usakhuluma ngesibhamu!'	

- 7.2.1 USipho uthi wayezoyenzani imali ayintshontsha emsebenzini? (1)
- 7.2.2 Sasesingakanani isikhathi uNokwazi agcina ukubona uSipho? (1)
- 7.2.3 Yini eyayisatshwa uNokwazi? (1)
- 7.2.4 Yiluphi lolu daba ayefuna ukulubeka uSipho kuNokwazi? (2)
- 7.2.5 Chaza kafushane ukuthi uSipho waboshwa kanjani. (2)
- 7.2.6 Phawula ngesizinda sendawo okwenzeka kuyo le ndaba emfushane. Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 7.2.7 Sithini isifundo esitholakala kule ndaba emfushane? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)

- 7.2.8 Ngabe iqoqekile yini le ndaba emfushane ngokwesikhathi eyenzeka ngaso? Sekela impendulo yakho. (2)
- 7.2.9 Uyakholelwa yini ukuthi zikhona izipoki? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 7.2.10 Uyazwelana yini nomlingiswa onguSipho ngesimo ayesebhekene naso ngasekugcineni kwale ndaba emfushane? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO****AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

**UMBUZO 8**

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**PHANSI – LMMS Madondo**

- |    |   |
|----|---|
| 1  | Umhlaba ungumhlaba ngokuhlaba               |
| 2  | Uwuhloniphe uwukhonze uyakuhlonipha         |
| 3  | Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha.        |
| 4  | Lunye kuwo uhambo                           |
| 5  | Impinda ayikho.                             |
| 6  | Sinye kuwo isikhathi                        |
| 7  | Sifushane asenele                           |
| 8  | Ubupigogo nobusakabuli buyaqedwa            |
| 9  | Bushazwe yizangqotho nemishazo yomhlaba     |
| 10 | Omahlalothini abantengenyekayo ntengentenge |
| 11 | Bawe bhu bahuhuluze okwamahobosha           |
| 12 | Abaqhwaklazela phezul' onontandakubukwa     |
| 13 | Baphenduk'izinqibi kugayingane imilomo      |
| 14 | Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili     |
| 15 | Ngentobeko yobuphansi okwentuthane          |
| 16 | Ube phansi nangenzolo ezothile yobuntu.     |

- 8.1.1 Yini lena ehlabayo imbongi exoxa ngayo? (1)
- 8.1.2 Bhala OKUBILI okufanele umuntu akwenze ukuze umhlaba umhloniphe. (2)
- 8.1.3 Fingqa kafushane okushiwo yimbongi emgqeni wesi-8 kuya kowe-11. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 8.1.4 Tomula imigqa EMIBILI enkondlweni esitshela ukuthi umuntu uphila kanye emhlabeni. (2)
- 8.1.5 Bhala elinye igama ongalisebenzisa esikhundleni saleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:  
**Abaqhwaklazela phezul' onontandakubukwa** (2)

- 8.1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho ongezansi sichaza ukuthini?
- Osemuva **limshwibe shwi** limbeke phambili:
- A limthathe kancane.
  - B limthathe ngokushesha.
  - C limthathe ngokumntshontsha.
  - D limthathe kaningi. (1)
- 8.1.7 Isigqi sale nkondlo siyanensa. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 8.1.8 Bhala isibonelo somugqa onesenzukuthi enkondlweni bese uyasidwebela. (2)
- 8.1.9 Enkondlweni kukhona isifenqo esiyisifaniso. Bhala umugqa onalesi sifenqo bese uyasidwebela. (2)
- 8.1.10 Kubaluleke ngani ukuthi abantu bazithobe ngokwale nkondlo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

## 8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**NGIYOGIYA NGIQEPHUZE – NL Luthuli**

- 1 Ngiyogiya ngiqephuze,  
 2 Ngihay' izibongo.  
 3 Ngingqabashiye ngihalalise ngokuqhashambula  
 4 Sengiphumelel' ukufez' ezeminyak' izifiso  
 5 Nezinhliso zami ngelokujaja ilanga.  
 6 Senginqwanjiswe umnqwamb' oqavile.  
 7 Sengiyikazel' iminyezane yakomfundo.
- 8 Ngiyogiya ngiqephuze.  
 9 Ngigiye ngiqephuze ngiqeketh' izindaba  
 10 Ngigiye ngilokoth' amagam' angalokothwayo  
 11 Alab' abayibekil' induk' ebandla.  
 12 Abachathazil' emagulen' abo ezangqondo  
 13 'Ze ngiqwal' eqonsayo imimango.
- 14 Ngiyogiya ngiqephuze.  
 15 Ngigiye kuyiyize omame nezalukazi.  
 16 Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwilili.  
 17 Usho mfo kaShandu ukuth' uyalazi leli  
 18 Bhobhodleyana lakoMshibe.  
 19 Usho liphekwe kweyakh' imbiza  
 20 Ugiye kanye nalo ngaphimbo linye  
 21 Ningqabashiye ze nakwabezay' ixoxw' indaba.

- 8.2.1 Ngubani ohaya le nkondlo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 8.2.2 Bhala lokhu ethi imbongi izokuzuza? (1)
- 8.2.3 Bhala uhlobo lomsebenzi owenziwa ngumfokaShandu. (1)
- 8.2.4 Loku okuzozuzwa yimbongi yinto ebilokhu isenhliziyweni yayo. Sekela lesi sitatimende ngephuzu ELILODWA. (2)
- 8.2.5 Dwebela izinhlamvu ezakha ifanangwaqa emigqeni elandelayo:  
 Ngiyogiya ngiqephuze.  
 Ngigiye ngiqephuze ngiqeketh' izindaba (2)
- 8.2.6 Tomula imvumelwano sigcino etholakala esitanzeni sesi-3, ubhale imigqa ephelele, bese udwebela imvumelwano. (2)

- 8.2.7 Phawula ngomoya wale nkondlo. Bhala amaphuzu AMABILI. (3)
- 8.2.8 Phawula ngolimi olusetshenziswe yimbongi kule nkondlo yayo ubhekise emgqeni olandelayo:
- Abachathazil' emagulen' abo ezangqondo (2)
- 8.2.9 Uyavumelana yini nokuthi imbongi ingumuntu wesilisa? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**